**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

# Possible Answers Supp 2007

ISIGABA A
**IZINKONDLO**

**UMBUZO 1**

1.1 1.1.1 Impi / udlame / usizi / izibhamu / izinhlamvu (nokunye okungavela). (1)

1.1.2 (a) Ukwenzasamuntu / isenzasamuntu. (1)
(b) Isingathekiso. (1)

1.1.3 Ingabe kuyoba yini umphumela / kazi kuyophelelaphi / ingabe kuyogcina kwenzenjani / kwenzekeni. (1)

1.1.4 Ukuqophisana / ukuphikisana / ukungavumelani / izinhlanga / izilimi izinhlangano (shono okubili). (2)

1.1.5 a) Umoya wosizi. (1)
b) Kutholakala abantu base-Afrika bebulalana / kuchitheka igazi ukuhlaselana / ukulwa / udlame. (1)

1.1.6 Ukuxhumana sigcino.
Nkosi, busis' <u>i-Afrika...</u>
Busis**'** <u>i-AFRIKA</u> (2)

**[10]**

**UMBUZO 2**

***Imvubelo*** **- A.M. Maphumulo**

2.1 2.1.1 I – eleji. (1)
– imbongi ikhuluma ngomama wayo ongasekho /
– imbongi ikhumbula unina ongasekho /
– imbongi ikhumbula imisebenzi / izenzo zikanina owabashiya. (1)

2.1 2.1.2 Unina osewayishiya wayenolwazi noma wayenemfundiso eningi engapheli/Imbongi ikhuluma ngonina sengathi uyaphila yase ikhumbula ukuthi lo mthombo ongunina awusekho, akasaphili. (1)

2.1.3 Unina / ngumama wayo. (1)

2.1.4 Isingathekiso. (1)

2.1.5 Imigqa ebinzeni lokuqala nelesibili iyisithupha kowesithathu iyisikhombisa. (1)

2.1.6 Imfundiso / imigwaqo / ubusika owabusika /
Ukusebenza kanzima / isizotha inhlonipho
Imithandazo yakhe ihlobo alihlula / izivunguvungu azivumisa phansi
Ukujabula ayekuletha (okubili). (2)

2.1.7 (a) Ichibi – Amanzi amile esigojaneni (1)
(b) Isiphethu – Lapho umfula usuka khona. (1)

2.1.8 Abadinga ulwazi baluthola kuyo. (1)

2.1.9 Inyama eyayiqine kwasansimbi
Imbongi ichaza ukuthi unina wayengumuntu onamandla / olukhuni bungekho ubuthakathaka kuye. (2)

2.1.10 (a) **IMVUMELWANO SIQALO**
Namhla ngingumfula ngiyaholobha,
<u>Ng</u>inemingenela manxa onkana
<u>Ngi</u>machibichibi
<u>Ngi</u>machweba
<u>Ngi</u>mazibuko

**NOMA**

(b) Imvumelwano sigcino
Namhla ngingumfula ngiyaholobh<u>a</u>
Nginemingenela manxa onkan<u>a</u>

**NOMA**

(c) Imvumelwano sigcino eyeqayo
Nginemingenela manxa onkan<u>a</u>
Ngimachibichibi
Ngimachweb<u>a</u> (2)

**(15)**

**NOMA**

2.2 2.2.1 Umoya wothando nokuncoma
– Imbongi itusa umuntu emthandayo ukuba babe ndawonye endaweni epholile enjengomthunzi. Iphinde icele ukuba bahlale bethandana njalo bakhohlwe ngabanye abantu ikakhulukazi labo abangalwenameli uthando lwabo.
– Imbongi ibuye income nobuhle balesi sithandwa sayo. (3)

2.2.2 (a) Namabhamuz' afana nakaMabhengwana. (1)
(b) Ndoni yami yamanzi. (1)

2.2.3 "Sikhohlw' umhlab'ohlabayo" (2)

2.2.4 (a) – Ak'utshiloz'emnand'ingoma
Zike zithol' ikhef' izinyoni
Kade kusile zibelesele (1)
– Masihlal'emthunzini opholile
Silalel'izinyoni zitshiloza

(b) Ngamaphimbophimb'afana noju. (1)

2.2.5 Imvumelwano-siqalo
Masehlele phansi komuthi
Masihlal' emthunzin' opholile

**noma**

Sikhohlw' umhlab' ohlabayo
Sibon umhlab' usungowethu

**noma**

Imvumelwano siqalo eyeqayo

Silalel' izinyoni zitshiloza
Ngamaphimbophimbo afana noju,
Sikhohlw' umhlab' ohlabayo

**noma**

Zike zitho' ikhef' izinyoni
Kade kusile zibelesele
Zisibongela ngothando lwethu

(2)

2.2.6 Sondela sihlangan' okwebumba
Ak'utshiloz'emnand' ingoma (1)

2.2.7 Ukuxhumana maphakathi
Sikhohlw'umhlab'ohlabayo,
Sibon'umhlab' usungowethu (2)

2.2.8 Ukukhanyisa. (1)
**(15)**

**NOMA**

2.3 2.3.1
- Imbongi ikhuluma ngendawo yakubo, incoma ubuhle bayo, lokhu kudale ukuthi ibe nothando olukhulu lwale ndawo.
- Imbongi ibona ubuhle bemvelo yakubo okukhona phakathi kwayo amankonyana, izinkomo, izimbuzi, izimvu, izinyoni.
- Iphinde ijabulele nabafana abelusile emadlelweni, nemisindo eyahlukahlukene. (4)

2.3.2 Isifaniso. (1)

2.3.3 Kulapho imbongi izalwa khona. (1)

2.3.4 KukwaZulu. (1)

2.3.5 Imfuyo / amadlelo aluhlaza / imvelo.
Imisindo eyahlukahlukene / imibhonso yezinsengwakazi / umdlalo wokuciba insema / imizwilili yezinyoni (okubili kuphela). (2)

2.3.6 Yingoba indlu yesiZulu inomnyango omfishane. (1)

2.3.7 Iyinhle / iluhlaza. (1)

2.3.8 (a) Uju (1)
(b) Unondlini / ihhinikazi (1)
(c) Abafana (1)

2.3.9 Elawini layo lotshani. (1)
**(15)**

**NOMA**

2.4 2.4.1 (a) Inkondlo esambhinqo. (2)
Imbongi ithethisa abesifazane ngenxa yobuphukuphuku babo.

(b) Imbongi igxeka ukuziphatha okubi kwabantu besifazane ngenxa yemali. Ithi imali ibaheha kangangokuthi baze bashiye nomendo. Bangasakhethi nokuthi baqoma bani, omdala nomncane bayahlanganisa yinqobo nje uma lowo wesilisa enemali. Ekugcineni balahlekelwa yikho konke ngisho nemali ababeyilandela imbala. (4)

2.4.2 Imvumelwano siqalo/sigcino
Bakuthatha uthatheke,
Bakuphonse le nale uvume

**noma**

Wuwe litshe lomnqakiswano
Wuwe lukhamba lomjikelezo

**noma**

Imvumelwano – maphakathi
Wuwe litshe lomnqakiswano
Wuwe lukhamba lomjikelezo (4)

2.4.3 Ukuxhumana okuyinxemu. (1)

2.4.4 (a) Ukubopha uqinise. (1)
(b) Ukuthi ingaphunyuki / ingagqashuki / inganyakazi / ingasuki. (1)

2.4.5 Indandatho / ucingo lokufaka imali. (1)

2.4.6 Inewozawoza. (1)
**(15)**
**[30]**

ISIGABA B

**UMBUZO 3**

***Ngiwafunge Amabomvu* – L. Molefe**

3.1 – Isigodlo singumgede wezimpisi ngoba njengomgede uThulisile wayengathandi ukuhlala khona ebona ukuthi usezandleni zomuntu angamfuni okunguMgidi amfanisa nempisi ngenxa yokuthi akekho umuntu ongathanda ukuhlala nempisi, ubehlala ecasukile, ethukuthele.
– Wayengazikhethelanga ukuba kule ndawo, ebona uMgidi njengomuntu ongeke amphathe kahle.

**Izinto ayezenza**

- Waduba ukudla, kwagcina sekudliwa uKhonzeni.
- Wayehlala echapha inkosi ngezinhlamba engenandaba nokuthi kwakungenzeka imuzwe.
- Waqhubeka nokubonana noZaba okuyisoka lakhe, bakha iqhinga lokweqa.
- Wavuma ukukhuleliswa uZaba.
- Wayala aphethe ukuhlangana noMgidi okwaze kwagcina ngokuthi uMgidi amfunele umuthi wokumthambisa kuMzwezwe.
- Wayevuka injebomvu uma abanye bezama ukumkhuza, nodadewabo imbala wayengamlaleli.
- Nanoma eseyitholile ingane eyivezandlebe usehluleka ukubekezelela inkosi nokuyihlonipha ayiphendule ngendlela efanele, uyayifulathela nokuyifulathela.
- Uyitshele inkosi phakathi kwebandla ukuthi akayifuni.
- Ugcine etshela sonke isizwe samaBomvu ukuthi uqoma ukufa kunokuhlala noMgidi.
- UThulisile wayengasenandaba nanokuthi ufaka abantu abaningi egebeni lokufa nabomndeni wakhe imbala.
- Akazamanga nokukhuza uZaba ukuthi asale esehlanza ngedela ngoba inkosi yase imnike nesikhundla sobunhloli. **[30]**

**NOMA**

3.2 3.2.1 UMsanka.
UKhonzeni.
UNokufika (ababili). (2)

3.2.2 (a) Izwi elihhadlazekile / elihoshozelayo. (1)
(b) Ubethukuthele kakhulu. (1)

3.2.3 UZaba: Uqhubekile wathandana noThulisile yize esazi ukuthi useyindlovukazi. Walokhu embona ngasese waze wamtholisa nengane.

UThulisile: Naye uqhubeke nokuthandana noZaba waze wagcina esezithwele nengane yakhe. (4)

3.2.4 – Ukukhuluma kuka Zaba noThulisile iqiniso. (1)
– Ukutshelwa nguZaba ukuthi uthando lwabo ludalwe ngophezulu uMvelinqangi. (1)

3.2.5 (a) Yebo wagcina ebaxolele bonke ababemdelelile, waze wabusisa uThulisile noZaba ngokuthi athi baqhubeke nokuthandana. Wakwazi ukukwamukela ukwehlulwa kwakhe nguZaba noThulisile. (2)

(b) Yebo wayeyinduna yenkosi kepha wehluleka ukuyitshela ngoZaba noThulisile esaba.
– Wayede eqhaqhazela njalo ikakhulukazi uma uMzwezwe eshaya amathambo, esaba ukuthi kungavela imfihlo ayaziyo – bese eyajeziswa. (2)

3.2.6 Ivezandlebe / ingane okungeyona eyenkosi. (1)
**(15)**

3.2.7 Akalifuni ngoba ubona uThulisile kungowakhe hhayi kuyinkosikazi yenkosi / Wayengafuni lutho ngoThulisile. (1)

3.2.8 (a) – (Imibono yalo mbuzo ingehluka, abafundi bangavuma noma baphike).

– Yebo, uqinisile ukuthi uyigwala ngoba ekugcineni ngenkathi isibaxolela yaze yavuma nayo ukuthi ibilwa noZaba ngomshoshaphansi njengokusebenzisa imithi kaMzwezwe.

– Yebo, iyisigwadi ngoba ayimshelanga uThulisile, noma indlovukazi (UThulisile) isesigodlweni yehlulekile ukumthambisa ngamazwi njengesoka, yagcina isilande imithi kaMzwezwe, nayo yehluleka. (2)

(b) – Cha, akasilo ivaka ngoba wenza izaba eziningi ukuze athole uThulisile. Wasebenzisa nemithi.

– UMgidi wakwazi ukuba yiqhawe elimela iqiniso noma libuhlungu kangakanani, waxolela bonke ababonile.

– Cha akasiso isigwadi ngoba inkosi yayifanele ukuthatha noma ingashelanga, yilungelo layo )imibono ingehluka). (2)

3.2.9 UMzwezwe inyanga kaMgidi wabe elalise uThulisile ngemithi okwathi lapho ephaphama wangazi ukuthi ulale kanjani futhi kwenzekeni emva kwalokho / Wayesola ukuthi inkosi yabe idle amantshontsho akhe. (2)

3.2.10 Wayesaba ukuthi uMzwezwe angase alumbe izingubo zakhe ngoba zazinensila yakhe. Imithi kaMzwezwe yabe izobavimba bangafiki lapho beya khona. (1)

3.2.11 – Ukukhulelwa kukaThulisile
– Ukuhluleka kukaMgidi ukufeza isiko lokunquma usana ucikicane elokhu egeja. (2)

3.2.12 Umdlalo wenzeka esikhathini sakudala, kutholakala inkosi uMgidi kuyiyo ejezisa abantu, bebulawa nokubulawa, beganiswa ngenkani uThulisile uganiselwa uMgidi. Kuhlalwa ezigqikini nasemacansini. (Umfundi angatomula okunye okungakhomba isikhathi sakudala kuphela asekele ngokutomula emdlalweni). (3)

3.2.13 Ukudla okwakunomuthi wentando okwakufanele kudliwe nguThulisile kwakudliwa nguKhonzeni. (2)

**(15)**

**[30]**

## ISIGABA C

## UMBUZO 4

***Isigcawu Senkantolo*** – M.M. Masondo

4.1 Abafundi bazoxoxa ngesizinda basehlukanise kanje:

Indawo – lapho indaba yenzeke khona; inkathi indaba eyenzeka ngayo kanye nesimo senhlalo. Empendulweni yabafundi makuvele ulwazi lwenoveli olufakazelwa izibonelo. Mayelana nokuhlelwa kwesizinda. Kungavezwa lokhu okulandelayo:

4.1.1 **Indawo**

Indawo ibaluleke kakhulu, isitshela ngokuthi inoveli yenzeka kuyiphi indawo, isibonelo: emadolobheni noma emakhaya.

Uma umlobi ebhala ukhetha indawo ukuze izigameko ezenzekayo zihambelane nendawo. Kuleli noveli kukhethwe indawo yasemadolobheni ngenxa yokuthi kugcwele ubugebengu ngakho-ke abameli babhekene nokuvikela abathweswa amacala nalabo abavikelwayo. Lapha kutholakala isigebengu esinguVika sihlaselwa yizigebengu ezimbili ezifuna imali yemvalamlomo.

- Idolobha okwenzeka kulo le ndaba yiNyukhasela lapho izehlakalo zenzeka khona. Abantu banamalungelo abameli. Imithetho ishaywa nguHulumeni.
- Ehhovisi likaNgubane – lisenombolo 47 eTroy Street – yilapho uVika Kubheka aqala ukubonana nommeli uNgubane ayelethe kuyena incwadi.
- EMandla Hotel – yilapho uNgubane aqasha khona ikamelo ngenkathi oThemba besedamini iNcadu bephezu komshikashika wokushintsha ithini likadilinki. Yayiseduze nedamu iNcadu.

– Edamini iNcadu – ibaluleke kakhulu le ndawo ngoba yilapho uMhlobo adutshulelwa khona.

  - UZethu wayezohlangana noMhlobo khona ukuze amnikeze imali.
  - Isidumbu sikaMhlobo sitholakala khona lapha eNcadu.
  - OThemba noThokozile bashintsha ithini elibomvu likadilinki.
  - Abatshuzi abathola ukuthi isibhamu esadubula umufi asikho emanzini, babengene khona kulelo lidamu ukuze kutholakale lobo bufakazi.

– Emzini kaThokozile – ukufika kukaButhelezi ezophoqelela uThokozile ukuba asayinde amaphepha mayelana nemali ayithola edamini.

– Enkantolo – kuqulwa icala lokubulawa kukaMhlobo.

  - Kube sekuvela nokuthi ekugcineni kutholakale ukuthi uZethu umsulwa, umbulali Magwegwe.
  - Ziningi izehlakalo ezenzeka lapha enkantolo ezingacashunwa abafundi. (12)

4.1.2 Ulimi

Inkulumo kanye nezinto ezisetshenziswayo nazo zibonisa ukuthi kusemadolobheni, lapha sithola kuthakwa inkulumo ngesiNgisi isibonelo yilapho uDuduzile eyobona uS'fiso esebenzisa igama “please”. (6)

Kuvama ukusetshenziswa nocingo nemibhobho yokukhuluma ukugqamisa indawo abantu abaphila kuyo.
(Abafundi mababhale namanye amaphuzu)

4.1.3 **Isikhathi**

Isikhathi sisho ukuthi indaba yenzeka esikhathini samanje noma sakudala futhi singasho ubusika noma ihlobo sisho futhi imini noma ubusuku. Izigameko ziye zincike esikhathini ngoba ezinye azikwazi ukwenzakala kwezinye izikhathi.

– Lapha kuleli noveli singasho ukuthi yisikhathi sasebusika ngoba amacebo kaKubheka okuthola isikebhe abhuntsha ngenxa yezinkungu. Nephoyisa lasedamini alikwazanga ukubona kahle abantu ngenxa yezinkungu. Nophenyo luba nzima ngenxa yokuthi olekelela uS'fiso okunguThemba utholakala egodola ebusuku ngenkathi eyogada ukuthi oZondo bayaya yini edamini ukuyobheka okwagxumbukela khona kukaZethu.

- Kwesinye isikhathi kutholakala kukhethwa isikhathi sasemini, ebusuku noma entathakusa. Ubugebengu obutholakala lapha benzeka ebusuku. Isibonelo yilapho kubulawa khona uZikode nguKubheka nokubanjiswa kwesidumbu sakhe ngesinye isidumbu. Emoshali kwakungekho muntu ngaphandle kwakhe uMagwegwe. Nokubulawa kukaMhlobo kwaba sebusuku yingakho noZethu engabonanga ukuthi umdubulile uMhlobo noma cha, nokuthi isibhamu sawela ngempela yini emanzini.

- Amanye amaqhinga kaNgubane afezeka emini.

  Kuqhakanjiswe isikhathi sanamuhla noma samanje.

- Sithola uMasondo esivezela ummeli ophethe amacala / obhekene namacala obugebengu. Lo mmeli usebenzela ehhovisi unabasizi ababili, uThandi osebenza naye ummeli, othatha abhale konke okukhulunywa ngenkathi uNgubane eneklayente kanye noZodwa obheke ihhovisi, amaklayente aqala kuyena uma efuna ummeli.

- Incwadi eyathunyelwa kuDuduzile ngamaqola yayibhalwe ngomshini lobu ngubugebengu besikhathi samanje, laba bantu babalekela ukuthi kungatholakali umbhali.

- Izindlela uNgubane azisebenzisile ukucupha amaqola nokuveza umbulali kaMhlobo konke kufakazela yona inkathi yanamuhla.

- Ukuqulwa kwecala enkantolo sithola kunejaji abameli bakaHulumeni, izintatheli. Lena indlela amacala aqulwa ngayo namuhla. (12)

**(30)**

4.2.1 Lavela ngenkathi uMagwegwe eboshwe noMhlobo wayesemxoxela ukuthi:

UKubheka wayebulale uZikode ongumalume kaThulani owayezoshada noDuduzile, kanti uzombulala maqede aye emoshali lapho kwakusebenza khona uMagwegwe. UKubheka wacela isidumbu kuMagwegwe wabambisa isidumbu sasemoshali isidumbu sikaZikode kanti kuzokwenzeka uMagwegwe aboshwe noMhlobo okwathi uma behlangana benza icebo lokuthi bathole imali kuZethu nakuDuduzile ngokumblackmailer ngoba uZikode wagcina engaziwanga ukuthi wabulawa ngubani. Le mali kwabe kungekaKubheka kepha izigebengu zazazi ukuthi uma zigadla kuDuduzile zizoshesha ukuyithola ngoba wayezosaba ukulahlekelwa nguThulani. Base bebona ukuthi kungaba yindlela yokwenza imali lena. (6)

4.2.2 a) Ukuyibophisa.
b) Ukuthi wenze iqhinga lokuthi kwesinye isikhathi izwe ngawe.
c) Ukuyibulala. (3)

4.2.3 Ingwijikhwebu ngumphumela ongalindelekile, yaba lapho kutholakala ukuthi uMagwegwe Buthelezi kwabe kunguyena umbulali kaMhlobo hhayi uZethu Kubheka. Kwatholakala ubufakazi bobugebengu ngemali eyatholakala emakhikhini kaMagwegwe. (3)

4.2.4 Yilapho uDuduzile elwa ngamazwi noS'fiso Ngubane, emtshela ukuthi akehlukane nezindaba zakhe.

- Yilapho uS'fiso elwa noMagwegwe lapho emthola ekamelweni likaThokozile efuna ukumphoqelela ukuthi asayinde incwadi.
- Yilapho uS'fiso elwa noZondo emva kokuthi baphume enkantolo, uZethu ephendula imibuzo yezintatheli.
- UKubheka waxabana noNgubane ngoba egxeka amasu okuphenya kaNgubane Isib. UKubheka wathi uNgubane uthatha amashansi. (3)

4.2.5 Ngukuthi amaphoyisa angahle ahambe ayosesha endlini yakhe. (1)

4.2.6 Amanzi asedamini ngenkathi ebaleka wagxambukela khona. (1)

4.2.7 NguZethu. (1)

4.2.8 Ucabanga ukuthi ubulele umuntu. (1)

4.2.9 (a) Akukho okufihliweyo okungeke kuvele ngelinye ilanga

- Imfihlo kaKubheka yokubulala uZikode yagcina ivelile. (1)
- Imfihlo kaMagwegwe yokubulala uMhlobo yagcina ivelile. (1)

(b) Akukho qili elake lazikhotha emhlane.

- Ubuqili bukaMagwegwe bagcina butholakele bonke. Wagcina eboshiwe. (1)

4.2.10 Eyokuthi icala lokubulala uZikode lingahle livuke mhlawumbe aze agwetshwe. (1)

4.2.11 (a) Wabulala uZikode wadukisa umkhondo.
(b) Wake waboshwa phambilini ecaleni elalilibi lokubulala.
(c) Waqamba amanga kuS'fiso mayelana nakwenza ngobusuku okwabulawa ngabo uMhlobo Mvubu. (2)

4.2.12 Uheho umdlandla, ugqozi oludala ukuba umfundi afune ukwazi ukuthi izigameko ezithile zizogcinaphi.

Uheho olusenovelini lutholakala lapho uKubheka ezobikela uS'fiso ngencwadi yamablackmailers. Sifisa ukwazi izinyathelo azozithatha nokuthi uzophumelela yini.

- Siphinde sifise ukwazi ukuthi uNkosikazi Kubheka uzophumelela yini enkantolo noma uzogwetshwa.

- Siphinde sifise ukwazi ukuthi amablackmailers azongena yini kunoxhaka kaS'fiso.

- Siphinde sifise ukwazi ukuthi ngubani ozophumelela phakathi kukaS'fiso noZondo.
  (Abafundi bangalukhipha olunye uheho). (3)

4.2.13 US'fiso usiza uKubheka ecaleni elifaka izigebengu ezinkulu eseziphuma ejele. Lezi zigebengu ziyingozi kakhulu ngoba ziyabulala nokubulala njengoMagwegwe otholakala ebulale uMhlobo. Kanti futhi uhlala esongela abantu ngokuthi uzobabulala. (2)

**(15)**

**[30]**

**100**